

**INQUBO YOKUHLAZIYA UMTHELELO KWIMVELO
KANYE
NESICELO SELAYISENSE YOKUNGAMELA OKULAWWAYO**

**UKUHLONGOZWA KOKULAHLA UMLQTHA OKUHLONGOZWAYO EZINDAWENI
EZIKHONA ZOKULAHLA UMLQTHA, E-MAJUBA POWER STATION,
ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

**Inkomba yoMnyango wezemvelo (DEA): 14/12/16/3/3/3/53
Inkomba yoMnyango wezemvelo (NEAS): DEA/EIA/0001417/2012**

UMBHALO WOLWAZI LOKWENDLALELA

NGABE LOMBHALO UKUTSHELANI?

Inhloso yalombhalo wolwazi lokwendlalela (BID) wukuhlinzeka abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) ngolwazi lokwendlalela mayelana nokulahlwa komlotha okuhlongozwayo okuqhubekayo ezindaweni zokulahlwa umlotha ezikhona e-Majuba Power Station kanye nezinqubo zesicelo ezizokwenziwa (isibonelo, inqubo yokuhlaziya umthelela kwimvelo (EIA) kanye nenqubo yokucela ilayisense yokungamela okulahlwayo). Uyaqhubeka ukuchaza ukuthi abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) bangazibandakanya kanjani nalomsebenzi, bathole ulwazi ngesikhathi inqubo yokuhlaziya umthelela kwimvelo (EIA) iqhubeka, benze iziphakamiso kanye/noma ukukhathazeka kwabo mayelana nemithelela engenzeka yomsebenzi kwimvelo. Lapha uyamenywa ukuthi ubhalise njengomuntu onomdlandla kanye/noma othintekile (I&AP) ngokugcwalisa nokuletha ikhasi "lokuphawula nokubhalisa" elihamba nalombhalo.

Lombhalo wolwazi lokwendlalela (BID) uzokusiza ukuthi:

- Unqume ukuthi unomdlandla kanye/noma uthintekile yini ngumsebenzi ohlongozwayo;
- Uqonde kangcono umsebenzi ohlongozwayo ukuze ukwazi ukuphawula; kanye
- Nokuqonda inqubo yokugunyazwa ngokwemvelo ukuze ukwazi ukubamba iqhaza ngendlela esebenzayo.

**NGABE UMSEBENZI OHLONGOZWAYO WOKULAWLWA KOMLOTHA OQHUBEKAYO
EMAJUBA POWER STATION UMBANDAKANYANI?**

Umsebenzi owumgogodla wabakwa-Eskom Holdings SOC Limited's (Eskom) wukuphehla, ukuhambisa kanye nokusabalalisa ugesi eNingizimu Afrika. Ngokwesimo sawo, ugesi ngeke wagcinwa futhi kufanele usetshenziswe ngesikhathi uphehlwa. Ngakho-ke ugesi uphehlwa ngokulandela inqubo yezidingo zokuhlinzekwa nokufunwa kwawo. Ukuhlinzeka okuthembekile kogesi ngabakwa-Eskom kubaluleke kabi entuthukweni yezezimbongi kanye neminye imisebenzi yokulwa nobuphofu ezweni.

I-Majuba Power Station, indawo esebenzisa amalahlwe ukuphehla ugesi, isendaweni engamakhilomitha ayi 16 eNingizimu ne-Amersfoort esifundazweni saseMpumalanga. I-

Majuba Power Station njengamanje ilahla umlotha (ovela ekubasweni kwamalahle) osesimweni esomile ngamabhande okuthutha, ukusabalalisa kanye nendlela yokwenza inqwaba kusukela esiteshini sokuphehla amandla kuye endaweni yokulahla umlotha. Indawo yokulahla umlotha iyindawo engama 955 ha (ekhona nesele yokulahla umlotha) futhi isendaweni engu 1.5 km ngasentshonalanga nethala lesiteshi.

I-Majuba Power Station, icabanga ukuchithwa komlotha owomile okuqhubekayo emhlabeni osele okungowakwa-Eskom. Umhlaba onje wathengwa ngaphambi kokuqala koksebenza kwemithetho yemvelo, umthetho wokugcinwa kwemvelo, i-Environment Conservation Act, ikakhulukazi (ngaphambi kuka 1989). Njengenxenye yezinqubo zokuhlela, abakwa-Eskom sebesungule imiklamo eyavunywa ngaphakathi, ngalesisikhathi. Ngokumenyezelwa kwemithetho yokongiwa kwemvelo, kanye nomthetho wezwe lonke wokunganyelwa kokulahlwayo kwemvelo, i-National Environmental Management Waste Act, Act 59 of 2008, ikakhulukazi, abakwa-Eskom bathanda ukuhlela imisebenzi yabo yokuchithwa komlotha okuqhubekayo kanye nezidingo zezinqubo zelayisense yokulahlwayo.

Inqubo ehlongozwayo yomsebenzi oqhubekayo yisizinda sokulahla umlotha enezilinganiselo ezilandelayo:

- Umthamo wendawo yomoya ka 156.2 m³ (owasala ekuklameni kuka 2010); kanye
- Nendawo engu 955 ha (362 ha:0-15 iminyaka + 593 ha: 15 – 45 iminyaka) (Indawo ebiyelwe embandakanya amadamu okungamela ukunukubezeka)

Indawo yokuchitha umlotha iyokwazi ukwamukela izidingo Zokulahla umlotha zesiteshi sokuphehla amandla kagesi eminyekeni engama 33 ezayo, kusukela ngonyaka ka 2012 kuya onyakeni ka 2045 (lezizikhathi zithathelwa esilinganisweni sokukhiqizwa komlotha esingu 3.579 Million tonnes). Ingxenye ehlongozwayo engu 593 Ha isengxenyeni esemngceleni oseNingizimu nendawo yokulahla umlotha ekhona njengamanje eMajuba Power Station. Ingxenye eqhubekayo ehlongozwayo yokulahla umlotha izoqhubeka isuke endaweni ekhona yokulahla umlotha, yonke esendaweni yakwa-Eskom, esendaweni yokulahla umlotha vele eyahlelwa kuqala.

Umdwebo 1 ngezansi ukhombisa isimo sendawo yokulahla umlotha njengoba yakhiwe manje futhi uchaza indawo yokulahla umlotha ehleliwe esikhathini esizayo.

Umdwebo 1: Isimo sendawo yokulahla umlotha njengoba yakhiwe manje kanye nendawo yokulahla umlotha ehleliwe esikhathini esizayo.

YIMIPHI IMITHELELA YEMVELO ENGENZEKA EHLOBENE NOMSEBENZI OHLONGOZWAYO?

Iningana lemithelela engenzeka kwimvelo ehlobene nomsebenzi ilindelekile. Njengengxenye yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA), lemithelela engenzeka iyohlaziywa ngokucwaninga okukhethekile okulandelayo, ngokucwaninga okukhethekile:

Ucwaningo olukhethekile	Inhlangano eyenza ucwaningo
Imithelela emanzini angaphansi komhlaba	Metago Water GeoSciences Consulting
Imithelela emanzini angaphezu komhlana nasempilweni yezilwane zasemanzini nezitshalo	Ecotone Freshwater Consultants
Imithelela ezilwaneni nezitshalo	Bathusi Environmental
Imithelela emhlabathini nakwezolimo ezingenzeka	Agricultural Research Council
Imithelela kokungamagugu	Johnny van Schalkwyk
Imithelela ekhwalithini yomoya	Airshed Planning Professionals
Imithelela ngenxa yomsindo	Francois Malherbe Acoustic Consultants
Imithelela kwezenhlalo	Lidwala Consulting Engineers (SA)
Imithelela kwi-Avifauna	Endangered Wildlife Trust
Ukuhlaziywa komthelela wokubonakalayo	MetroGIS
Ukuqanjwa kokuhlosiwe nokucwaninga kokwakheka komhlaba	Lidwala Consulting Engineers (SA) and Alan Robinson
I-GIS	Lidwala Consulting Engineers (SA)

Njengengxenye yocwaningo lokuklama, ukucwaninga okukhethekile kuzoqhagula izindaba ezingenzeka ezidinga ukuphenywa kabanzi esigabeni sokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) kanye nokucwaninga okungenzeka kwesikhathi esizayo okungadingeka. Ukuze kuhanjiswa nezidingo ezincane ezifanele njengoba zichazwe nguMnyango wezemvelo (DEA) ngokuhambisana nezimiselo zezindawo zokugcina okulahlwayo,

ucwaningo lokuklama luzombandakanya futhi ukuhlolwa kokufaneleka kwemvelo kwezindawo eziseduzane ukubona ukuthi ngabe zikhona yini ezinye izindawo ezikhona zokwenza lokhu. Imibono yabantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) ngenqubo yokubamba iqhaza komphakathi, izohlinzeka ngemibono ekuqhaguleni izindaba okudinga ukuthi ziphenywe kuyona lenqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA). Ukucwaninga okunemininingwane ephelele emitheleleni ebalulekile engenzeka kuyophenywa esigabeni sokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) somsebenzi kulowo nakulowo mbandela.

YINI KUDINGEKA UKUCWANINGWA KWEMVELO?

Ngokuhambisana nemitheshwana yokuhlaziywa komthelelo kwimvelo (EIA) (2010) kanye nomthetho wokungamela okulahlwayo wezwe lonke, (Environmental Impact Assessment (EIA) Regulations (2010) and the National Environmental Management Waste Act (Act 59 of 2008), abakwa-Eskom Holdings Limited badinga ukugunyazwa okuvela eMnyangweni wezemvelo (DEA) ukuthi benze umsebenzi ohlongozwayo. Imithetho yokuhlaziywa komthelela kwimvelo, eyashicilelwa kusomqulu kahulumeni, Government Notice R543 of 2 August 2010, ngokwezimiselo zesigaba 24 (5) soMthetho wezwe lonke wokungamela imvelo (Environmental Management Act (Act No. 107 of 1998), imisebenzi eshiwo ichazwe ezimemezelweni zikahulumeni, Government Notices R544 kuya esimemezelweni R546 kanye nokunganyelwa kwemvelo ezweni lonke: Umthetho wokunganyelwa kokulahlwayo (NEMWA) imisebenzi ibhalwe esimemezelweni sikahulumeni i-GN 718. Ukuze kutholakale ukugunyazwa ngokwezemvelo kanye nelayisense efaneele yokungamela okulahlwayo kulomsebenzi, ukucwaninga okuphelele, okuzimele kufanele kwenziwe ngokulandela imithetho yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA).

Ukuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) wumthetho owashaywa yiphalamende esisetshenziselwa ukuqinisekisa ukuthi imithelela engalindeleka engenzeka ngenxa yanoma yikukuphi ukwenziwa komsebenzi iyaqhagulwa ngaphambi kokuthi kwenziwe lowomsebenzi, futhi ingagwemeka noma ithanjiswe (yenziwe ibe mincane). Emthethweni owashaywa yiphalamende lapha eNingizimu Afrika imvelo imbandakanya izici zenhlobo, ezomnotho kanye nokuphilayo okukhona (kanye nokusebenzelana kwako) futhi ukuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) kufanele kuhlaziye lokhu ngokulinganayo.

Ithebula 1 ngezansi likhombisa uhlu lwemisebenzi eyenza ukuthi yenzeke ngenxa yalomsebenzi. Uma ufuna ukuthola incazelo ephelele yalemisebenzi, sicela uxhumane nehhovisi lokubamba iqhaza komphakathi (imininingwane ehlinzekiwe ngezansi).

NEMA	No. R. 544	9	11	18	22	24	28	37	39	40	47	49
	No. R. 545	6	15	26								
	No. R. 546	4	16	19	24							
NEMWA	GN 718 - Isigaba A	19										
	GN 718 - Isigaba B	9	11									

Abakwa-Eskom sebeqoke abakwa-Lidwala Consulting Engineers (SA) (Pty) Ltd, njengabahlaziyi abazimele bemvelo (EAP), ukuthi benze ukucwaninga kwemvelo ukuqhagula nokuhlaziya yonke imithelela engenzeka kwimvelo ehlobene nomsebenzi ohlongozwayo. Njengengxenye yalokucwaninga kwemvelo, bonke abantu

abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) bayamenywa ukuthi babambe iqhaza elibonakalayo ngenqubo yokubamba iqhaza komphakathi.

Inqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo ingahlukaniswa izigaba ezine ezihlukile:

Ukwenziwa kwesicelo kanye nokwaziswa kokuqala

Ngesikhathi salesisigaba, isicelo esihlangene sokugunyazwa sesenziwe eMnyangweni wezemvelo (DEA). Uma nje uMnyango wezemvelo (DEA) usuvumile ukuthi uthole isicelo sokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) kanye nesicelo selayisense yokulahlwayo (ezinsukwini eziyishumi nane zokuhanjiswa kwesicelo), inqubo yokuqala yokwaziswa iyenzeka lapho umphakathi waziswa khona ngomsebenzi ohlongozwayo, *kokunye*, ngezintengiseli emaphephandabeni, izincwadi zokwazisa, Imibhalo yolwazi lokwendlalela (BID) kanye nezaziso lapho kuzokwenziwa khona lomsebenzi.

I sigaba sokuklama

Inhloso yesigaba sokuklama:

- Wukuhlola ukufaneleka kwendawo eseduzane ukuze kubonakale ukuthi ngabe ikhona yini enye indawo efanele yokwenza umsebenzi;
- Ukuphenya kanye nokuqoqa ulwazi ngezindawo ezinye ezihlongozwayo okungenziwa kuzona lomsebenzi, ubuchwepheshe kanye nendawo yokucwaninga ukuze kubonakale ukuqonda kahle indawo;
- Ukubona ukuthi imisebenzi yomsebenzi ohlongozwayo ingaba nomthelela onjani endaweni eseduzane;
- Ukwazi abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) kanye nemikhandlu ethintekayo ngokwenza inqubo yokubamba iqhaza komphakathi (PPP);
- Ukuqhagula imithelela engenzeka kwimvelo edinga ukuhlaziywa okuphelele esigabeni sokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA), ngokuphenya kanye nokubamba iqhaza komphakathi (PPP); kanye
- Nokuchaza futhi kuphenywe ezinye izindlela ezingacatshangwa.

I sigaba sokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA)

Ngesikhathi salesisigaba zonke izindaba kanye nezinye izinto ezihlongozwayo ezishiwo esigabeni sokuklama ziyahlaziywa futhi zilinganiswe ngokuhambisana nokubaluleka kwazo. Lapho kudingeka khona, izinyathelo zokuthambisa ziyanconywa ukuze kwehliswe ukubaluleka kwemithelela engenzeka. Uhlalo lokungamela imvelo luyobe selwenziwa oluzosho izici zemvelo okuzodingeka ukuthi kuhanjisanwe nazo ngesikhathi sezigaba zokwakha, ukusebenza kanye nokuyeka ukwenziwa komsebenzi, uma kungenzeka ukuthi ukugunyazwa ngokwemvelo kunganikezwa. Uma nje umbiko wokugcina womthelela wokungenzeka kwimvelo usuhanjisiwe eMnyangweni wezemvelo (DEA), inqubo yokuthatha isinqumo izobe isiqala.

Ukugunyazwa ngokwemvelo kanye nelayisense yokunganyelwa kokulahlwayo


Ngenxa yokuthi umsebenzi ohlongozwayo umbandakanya imisebenzi esohlwini ku-NEMA ne-NMWA, ukugunyazwa ngokwemvelo (EA) ngokwezimiselo ze-NEMA kanye nelayisense

yokunganyelwa kokulahlwayo (WML), ngokwezimiselo ze-NMWA. kudingekile. Yize kunjalo, abakwa-Eskom bazothola ukugunyazwa ngokwemvelo okuhlangene ngenxa yokuthi bahambisa isicelo esihlangene. Inqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) okufanele yenziwe ikhonjiswe **eMdwebeni 2**.

INQUBO YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Kubalulekile ukuthi abantu abafanelekile abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) bayaziwa futhi bambandakanyeke enqutsheni yokubamba iqhaza komphakathi sizuka nje emsebenzini ohlongozwayo. Imibono etholakele kulabo abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) iba yingxenye ebalulekile yenqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) futhi izosiza imikhandlu ephethe ekuthathweni kwesinqumo, uMnyango wezemvelo (DEA), ekuthatheni izinqumo. Ukuqinisekisa ukubamba iqhaza okusebenzayo komphakathi, inqubo imbandakanya lezizinyathelo ezilandelayo:

- ISINYATHELO 1: Ukwenza izintengiseli zenqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) (emaphephandabeni endawo/omphakathi)
- ISINYATHELO 2: Ukubhalisa abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) njengabanesabelo esizindeni solwazi (oluqhubekayo)
- ISINYATHELO 3: Ukubonisana kanye nokudlulisa ulwazi kubantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) ngokubonisana, ngemihlangano yomphakathi kanye nemihlangano ebalulekile yokubonisana nabanesabelo kulomsebenzi
- ISINYATHELO 4: Ukubhala phansi nokuphendula ukuphawula, izindaba nokukhathazeka okuphakanyiswe ngabantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) ngokulandela umkhondo wezindaba eziphakanyisiwe, ezizoba yingxenye ebalulekile yemibiko yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA).
- IZINYATHELO 5: Ukumema ukuphawula kwabantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) kanye nokubamba iqhaza ekubhalweni kokuqala kwemibiko yokuklama kanye nemibiko yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) (Isikhathi sokuphawula sezinsuku ezingamashumi amathathu)



Umdwebo 2: Inqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA)

UNGAZIMBANDAKANYA KANJANI?

1. Ngokuphendula (ngocingo, nge-Fax noma nge-email) isimemo sethu sokuzimbandakanya kwakho esikhangiswe emaphephandabeni endawo.
2. Ngokuthumela ngeposi, nge-fax noma nge-email ifomu lokuphawula kwabakwa-Lidwala SA.
3. Ngokuhambela imihlangano ezoba khona ngesikhathi sokwenziwa komsebenzi. Uma kungenzeka ukuthi ubhalise njengomuntu onomdlandla kanye noma othintekile (I&AP) uyomenywa ukuthi uhambele lemihlangano. Izinsuku zemihlangano ziyokhangiswa emaphephandabeni endawo.
4. Ngokuxhumana ngocingo nabakwa-Lidwala uma unombuzo onawo, ukuphawula noma uma ufuna olwazi oluthe xaxa ngomsebenzi.
5. Ngokubukeza imibiko yokuqala yokuklama, yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) nemibiko yesicelo selayisense yokulahlwayo ezinsukwini ezingamashumi amathathu zokubukeza bese uthumela ukuphawula kwakho kwabakwa-Lidwala *(Kufanele kwaziwe ukuthi umuntu usengakwazi ukubukeza imibhalo yize sezidlulile izinsuku ezingamashumi amathathu).*

Uma uzithatha ngokuthi ungumuntu onomdlandla kanye/noma othintekile (I&AP) kulomsebenzi ohlongozwayo, siyakucela ukuthi usebenzise amathuba enziwe yinqubo yokubamba iqhaza komphakathi ukuthi umbandakanyeke enqutsheni. Iqhaza lakho kulenqubo lenza ingxenye ebalulekile yokucwaningwa kwemvelo futhi singathanda ukuthi sizwe umbono wakho ukuze sithole imibono yakho ngomsebenzi ohlongozwayo.

Ngokugcwalisa futhi ulethe ifomu lokuphendula, uvele uzibhalise njengomuntu onomdlandla kanye/noma othintekile (I&AP) kulomsebenzi, futhi uyaqinisekisa ukuthi ukuphawula kwakho, ukukhathazeka kwakho kanye nemibuzo yakho oyibuzayo mayelana nalomsebenzi iyophendulwa.

UKUPHAWULA, IMIBUZO KANYE NEZIMPENDULO

Yisa konke ukuphawula kwakho, imibuzo onayo kanye nezimpendulo zakho kwabakwa-:

Lidwala Consulting Engineers (SA)

PO Box 32497, Waverley, 0135



Kube ngokokunakwa kuka:

Nicolene Venter noma Bongji Mhlanga

Ucingo: (0861) LIDWALA (0861 543 9252)

I-Fax: 086 764 9282

I-E-mail: majubaeia@lidwala.com

Lidwala Consulting Engineers (SA) (Pty) Ltd  Lidwala Bongzi Mhlanga PO Box 32497, Waverley, 0135 Ucingo (0861) LIDWALA (0861 543 9252) Isikhahlamezi 086 764 9282 E-mail majubaeia@lidwala.com	INQUBO YOKUHLOLA UMTHELELA OZOBA KHONA KWEZEMVELO KANYE NESICELO SOKUPHATHWA KOKUNGCOLA UKUHLONGOZWA KOKULAHLA UMLOTHA OKUQHUBEKAYO EZINDAWENI EZIKHONA ZOKULAHLA UMLOTHA, E-MAJUBA POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA Inkomba yoMnyango wezemvelo (DEA): 14/12/16/3/3/3/53 Inkomba yoMnyango wezemvelo (NEAS): DEA/EIA/0001417/2012 IFOMU LOKUBHALISA NOKU VESA IZIMVO ZAKO Lihamba ne Ncwadi Yolwazi Oluyisizinda September 2012	Imaginative Africa (Pty) Ltd  Nicolene Venter PO Box 61164, Pierre van Ryneveld, 0045 Ucingo (012) 662 2843 E-mail majubaeia@lidwala.com
--	--	--

UMNUMZANA/NKOSAZAN A/NKOSIKAZI		IGAMA	
ISIBONGO			
UMQASHI			
IDILESI		KHODI	
UCINGO		ISIKHAHLAMEZI	
INOMBOLO KAMAKHALEKHUKHWINI			
E-MAIL ADDRESS			

BHALISA NJENGE LUNGU ELINESASA LOKWAZI KANYE/NOMA ELITHINTEKAYO (I&APS) (Sicela ucircle ibhokisi elikulungele)

Ngicela ningi bhalise njenge lungu elinesasa lokwazi/noma elithintekayo (I&AP) ukuze ngizokwazi ukuthola ulwazi njengoba iEIA iqhubeka	YEBO	QHA
Ngingathanda ukuthola ulwazi nge* *Sicela ukhethe ibhokisi elikufanele	Ncwadi (mail)	
	E-mail	
	Isikhahlamezi	
	Ngocingo (Telkom / Cellular)	
Ngingathanda ukuthola amaphepha wokuthi ngithole ulwazi olubanzi ngalephrojekti kanye nokuthi ngibhale imibono yami kuwo ngalendlela* * Sicela ukhethe ibhokisi elikufanele	Amakophi wephepha	
	Nge e-mail	
	Ku CD	
Ngokwemibandela yeMithetho ye-EIA (ku GNR 543) Ngi nikeza ngokuqinisekisa ngezansi ngokolwazi lwami ukuthi ezamabhizinisi, ezezimali, ezihlanganisa, ezingathinta noma ezivimbela ukuvunyelwa kwalesicelo.		
.....		

IMIBONO (ungasebenzisa amaphepha ahlukile mawuthanda):

Imibono yami mayelana nemithelela engaba khona kwezemvelo ku lenqubo yeEIA:

.....

Imibono yami nge nqubo ye EIA kanye/noma nge nqubo ye public participation:

.....

Sicela uthinte laba sebenzi/abangani kuze bazo ku bhalisa nje lungu elinesasa lokwazi kanye/noma elithintekayo nga le nqubo ye EIA (igama ne contact details e.g. e-mail address):

.....

SIYABONGA NGEMIBONO YAKHO KU LEPHROJEKTI

Sayina lapha

Usuku